# ISIMEMO SOKUQOKWA KWENHLOKO YAMAJAJI YASENINGIZIMU AFRIKA ELANDELAYO

**Isingeniso**

1. Isikhathi seNhloko Yamajaji ekhona njengamanje, iJaji u-Mogoeng Mogoeng, siyaphela mhla we-11 kuMfumfu 2021.

2. ISahluko se-174(3) soMthethosisekelo sinika uMongameli igunya lokuthi aqoke iNhloko Yamajaji elandelayo emuva kokubonisana neKhomishana Yezemisebenzi Yezobulungiswa kanye nabaholi bamaqembu epolitiki amelwe kwiSigungu Sikazwelonke.

*3.* NgokoMthethosisekelo, iNhloko Yamajaji *"iyinhloko yophiko lwezobulungiswa futhi inesibopho sokusungula nokuqapha izinkambiso namazinga okusebenza kwemisebenzi yezobulungiswa kwazozonke izinkantolo".*

4. INhloko Yamajaji inomsebenzi wokuhola ukusungulwa kohlelo lomthetho njengoba lengamele okuqhubekayo eNkantolo Yomthethosisekelo. Kuphinde kube ngumsebenzi wayo ukubeka nokwengamela ukugcina amazinga okusebenza kwemisebenzi yezobulungiswa kwezinkantolo zethu, kanye nokuba ngusihlalo weKhomishana Yezemisebenzi Yezobulungiswa.

**Inqubo evulelekile ebandakanya umphakathi**

5. Ukugqugquzela ukwenza izinto obala kanye nokuvumela ukuthi umphakathi ubambe iqhaza, uMongameli u-Ramaphosa usenqume ukuthi abantu baseNingizimu Afrika kumele bamenywe ukuba babambe iqhaza ekuqokweni kweNhloko Yamajaji elandelayo.

6. Ngalokho-ke uMongameli **ucela iziphakamiso zamagama abazoqokelwa ukuba yiNhloko Yamajaji.** Siyakholwa ukuthi iNhloko Yamajaji kufanele izuze inhlonipho kanye nokwesekwa ngamalungu alo msebenzi ekuwona, kanjalo nokomphakathi jikelele.

7. Iziphakamiso zamagama kumele zicacise izizathu kungani ophakanyisiwe efanelekile ukuthi abe yiNhloko yethu Yamajaji elandelayo, isipiliyoni sakhe njengommeli, okubandakanya isipiliyoni njengejaji, nanjengomholi.

8. Ukwengeza kulokhu, iziphakamiso zamagama kumele ziphelezelwe ukugunyazwa nokwesekwa okungenani yinhlangano eyodwa yabameli, inhlangano engekho ngaphansi kukahulumeni emkhakheni wamalungelo abantu, noma kunoma ngumuphi umkhakha wezomthetho.

9. Uhlu lwamagama aphakanyisiwe luzomenyezelwa emphakathini.

**Ithimba elizohlunga uhlu lwamagama aphakanyisiwe**

10. Emva kokuthola amagama aphakanyisiwe, ithimba labantu abahloniphekile futhi abamnkantsh' ubomvu kule ndima bazohlunga uhlu lwamagama baze baphume namagama aphakathi kwamathathu kuya kwayisihlanu. Ithimba lizonquma ukuthi lenza kanjani ukuthi la magama ahlungwe ngokuvulelekile, obala futhi ngokushesha.

11. Leli thimba lizokwakhiwa iJaji laphambilini leNkantolo Yamazwe Omhlaba Yezobulungiswa kanye noKhomishana Omkhulu Wamalungelo Abantu weNhlangano Yezizwe Ezihlangene, u-Navi Pillay njengosihlalo, uNgqongqoshe Wezobulungiswa Nokuhlunyeleliswa Kwezimilo, u-Ronald Lamola, uNgqongqoshe waphambilini Wezobulungiswa u-Jeff Radebe, uMvikeli Womphakathi waphambilini uMmeli uThuli Madonsela, okubanjiswene naye ongusihlalo woMkhandlu Kazwelonke Obhekele Igciwane Lengculazi eNingizimu Afrika, u-Nks Mmapaseka Steve Letsike, kanye noSolwazi Wezomthetho Esikoleni Sezomthetho saseNyuvesi yase-Howard, uSolwazi Ziyad Motala.

12. UMongameli uzothatha isinqumo sokuthi imaphi amagama kulawo asohlwini olwethulwe kuyena ithimba labantu abahloniphekile azowadlulisela kuKhomishana Yezemisebenzi Yezobulungiswa kanye nabaholi bamaqembu epolitiki amelwe kwiSigungu Sikazwelonke ukuze kubonisanwe ngawo.

13. Wonke amagama aphakanyiswayo aphelezelwa amaphepha afakazelayo kumele athunyelwe ku-***angeline@presidency.gov.za*** naku ***cjnominations@gcis.gov.za*** mhla lu-1 kuMfumfu 2021. Kumele ahambe nalokhu:

    13.1. Incwadi yokuphakamisa igama, kubandakanya imininingwane yokuxhumana yalowo ophakamisa igama;
    13.2. Incwadi yophakanyiswayo amukela ukuphakanyiswa kwakhe kanye nemininingwane yakhe yokuxhumana;
    13.3. Izincwadi eziseka ukuphakanyiswa kwegama, kanye nemininingwane yokuxhumana yabantu noma izinhlangano ezeseka ukuphakanyiswa, kanye okungenani nencwadi eyodwa eqinisekisa ukweseka evela kwinhlangano yabameli, inhlangano engekho ngaphansi kukahulumeni emkhakheni wamalungelo abantu, noma kunoma ngumuphi umkhakha wezomthetho; kanye
    13.4. Nanoma imaphi amanye amaphepha loyo muntu ophakamisa igama lozoqokwa ukuba yiNhloko Yamajaji abona ukuthi angaba nesidingo.

14. Wonke amagama aphakanyisiwe namaphepha ahambisana nawo (azogcinelwa imininingwane yabantu) azoshicilelwa ukuze umphakathi uwabone kwiwebhusayithi yeHhovisi LikaMongameli ngomhla we-4 kuMfumfu 2021.

15. Noma ngabe ikuphi ukuphikisa okukhona ngalabo abaphakanyisiwe kuzofanele kube nezizathu, kubhalwe phansi, futhi kuthunyelwe kule-imeyili engenhla engakadluli uLwesihlanu mhla we-15 kuMfumfu 2021.

16. IThimba kuzodingeka ukuthi lethule umbiko kuMongameli ngoLwesihlanu mhla wama-29 kuMfumfu 2021. Emuva kwalokho yena uzobe esebonisana neKhomishana Yezemisebenzi Yezobulungiswa kanye nabaholi bamaqembu epolitiki amelwe kwiSigungu Sikazwelonke.